# Kuklonyeliswe abenze kahle kwiPremier's Excellence Awards

THANDOLUHLE NGUBO

UHULUMENI waKwaZulu-Natal, uklomelise izisebenzi zikahulumeni, iminyango, omasipala baseKZN, yizinhlangano ezingayenzi inzuzo nosomabhizinisi abenza kahle, kwiKwaZulu-Natal Premier's Excellence Awards.

Umcimbi ubungoLwesihlanu eNkosi Albert Luthuli International Convention Centre, eThekwini.

Abaklonyelisiwe bami kanje: **1. Best Service Delivery Department** - UMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwezindawo zaseMakhaya, oholwa nguNgqongqoshe uNkk Thembeni KaMadlopha-Mthethwa.

2. **Best Implemented Programme of the year** - UNkz Thamoney Naidoo, oyisisebenzi soMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwezindawo zaseMakhaya.

3. **Rural Underserved Community Impact** - UNkz Hlengiwe Zondi, osehhovisi loMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwezindawo zaseMakhaya eliseMsinga.

4. **Cleanest Town with Wastemanagement of the Year** - UMthonjaneni Local Municipality.

5. **Best Municipality of the Year** - King Cetshwayo District Municipality.

6. **Innovation in Government** - UMnu Nhlanhla Msimanga, woMnyango wezeMisebenzi yoMphakathi neNgqalasizinda.

7. **Intergrity and Ethical Leadership** - UNkz Sibinokuhle Nkosi, wehhovisi loMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwezindawo zaseMakhaya elisoPhongolo.

8. **Mentorship and Skills Development** - UDkt Mduduzi Nhlozi, woMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu.

9. **Most Contribution to Youth and Women Empowerment Programme** - UMnu Nhlanhla Chiliza, woMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi, ehhovisi iDurban South District.

10. **Team Excellence** - Durban South District, eMnyangweni wezokuPhepha koMphakathi, eliholwa nguNkz Khanyisile Mthembu.

11. **Most Functional War-Room of the year** - Ward 7 ngaphansi kukaMasipala wasoPhongolo, leli wadi liphinde lakhala lemuka no-R100 000 wokuthuthukisa ingqalasizinda.

12. **Best Municipal Manager** - UMnu Philani Sibiya, ohola uMasipala wesiFunda iKing Cetshwayo.

13. **Best Employee of the Year** - UMnu Siyabonga Dlamini, oyiphoyisa likaMasipala weTheku.

14. **Best General Worker of the Year** - UMnu Bhekani Mchunu, osebenza kuMasipala waseDannhauser.

15. **Best HOD of the Year** - UMnu Zibusiso Dlamini, obengaphansi koMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kwezindawo zaseMakhaya, ngaphambi kokuwelela eMnyangweni wezokuThutha ngasekuqaleni konyaka.

16. **Best CEO of the Year** - Sihle Ngcamu, weTrade and Investment KZN.

17. **Best Entity of the Year** - Trade and Investment KZN.

18. **Life Time Achievement Award** - UMnu Vivian Reddy, ongusomabhizinisi.

19. **Food Security, Rural and Community Development and Resilience** - UNkk Abbie Mchunu nenhlangano engayenzi inzuzo ezinze eMlazi, iScars are a Blessing, abahlomule ngezindondo, izitifiketi nezimoto zohlobo lweNissan Magnite.

20. **Exceptional Climate Change Programme** - UDkt Desmond D'Sa, ohlomule ngo-R100 000 ngaphezulu.

21. **Social Cohesion and Moral Regeneration** - UMnu Ishwar Ramlutchman.

22. **Excellence in Disability Advocacy** - UNkz Sindy Cebisa.



UNDUNANKULU waseKZN, uThami Ntuli nomkakhe uNkk Sindiswa Sibisi-Ntuli, uLt-Gen uNhlanhla Mkhwanazi, noNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana nezoMdabu kuzwelonke, uMnu Velenkosini Hlabisa, behalalisela uNkk Abbie Mchunu, oklonyeliswe ngemoto.



YIZISEBENZI zohlaka lukahulumeni iTrade and Investment KZN, ziyohalalisela uMnu Sihle Ngcamu, obe yiBest CEO of the Year.



NGUSOMIZI Mhlongo ememezela obeklonyeliswa. UnoNgqongqoshe wezoLimo uNkk Thembeni KaMadlopha-Mthethwa noMngcinimafa we-IFP, uMnu Narend Singh.



IKHANSELA uMnu Mxolisi Zulu, uNgqongqoshe wezeMpilo eKZN, uNkk Nomagugu Simelane-Mngadi, uNgqongqoshe wezoMnotho eKZN, uMnu Francois Rodgers noNgqongqoshe wezeMidlalo, amaSiko namaCiko eKZN, uMnu Mntomuhle Khawula, besemcimbini.



NGUNKZ Hlengiwe Zondi enikwa nguNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana nezoMdabu eKZN, uMfu Thulasizwe Buthelezi neNkosi uZuzifa Buthelezi umklomelo.




UMNU Ishwar Ramlutchman ongusomabhizinisi, ungomunye wabaklonyelisiwe.



UNGQONGQOSHE wezoLimo nokuThuthukiswa kwezindawo zaseMakhaya eKZN, uNkk Thembeni KaMadlopha-Mthethwa, ehalalisela uNkz Hlengiwe Zondi, osebenza ehhovisi lomnyango wakhe, eliseMsinga.



UNKZ Sindy Cebisa uklonyeliswe ngo-R100 000 yihhovisi likandunankulu ngomsebenzi wakhe awenzela abaphila nokukhubazeka. Ubehalaliselwa nguNtuli, amakhosikazi eSilo uMdlokombane, okunguNdlunkulu uThandekile uMaNdlovu Zulu noNompumelelo MaMchiza Zulu, uNkk Sorisha Naidoo ongusomabhizinisi noNgqongqoshe uVelenkosini Hlabisa.



UMFU Lungi M Magwaza noNgqongqoshe wezoMnotho eKZN, uMnu Francois Rodgers, bebeyingxenye yomcimbi.

YIKHASI ELIKHOKHELWE